(17) 516 JAN 14 1942 3 NAME NAAM Henrietta V. Mhlongo

(17) 516

13/27

NO. 3

JOTTER

200 PAGES

Agriculture and social aspects thereof (in Zulu) 36 pp £3

SHUTER & SHOOTER
BOOK AND
STATIONERY EXPERTS
PIETERMARITZBURG

in paper

3 cahiers

Microfilmed 12/3/75

SUBJECT VAK: Fair View M. S.

STANDARD STANDERD: Umzumbi Rail

SCHOOL SKOOL: 9-1-42.

J.S.S.B.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 P.P. 1-124 516 516 K13/27 516

Tinjaba tekulima (continued)

29.

Umunu ufike alime isimu yake, ayilime loko kudla naqonde kukulima kuyona. Ma elime umbfla alime mbila. Ma elime bontshisi, alime bontshisi. Ma elime majumbe, noma yini, noma yini, ayilime.

Kutophela mimwaka, ke lokudla kulinga kulesimu. Kuyesuka lako, akusalungi. Ube usatshe uyalima, kusuke kungachumi kudla. Ube usatshe, usatshe, kusuke kungachumi.

Kube sekutshiwa, ke, isimu isiqugile. Ibe seyiyayekwa, ke, ilale mimwaka nemine iyilifusi.

Kutshi kungaphela leyo mimwaka, kube sekuyaqathwa futshi. Kufumaniseka

BEGINS

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kwekutshi kudla sekubuye kuho-
na, ngoba isimu ibilele kanga-
ka, seyiteda ingqatho ngoku.

30.

Ma isimu yenjulelwe, inga
buye ilimwe futhi igcinis we
ngekuphela kwemvaka.

Ma isimu ingenjulelwa-
nga iye ilimwe kamwe
kuphela.

Bontshisi wona ulim-
wa kabili. Kwekwenjulela
newekungcina. Kucala kwa-
kulimwa ngemihono. Ngoku
sekubophelwa tiyabi tili[illegible]

31.

Mbila wembewu uye u-
khethwe. Ukhethwa ku-
vunwa uye, wona.

Banu ma bevuna baye
bathi ma bebona sikhwebu nesi-
hle basihlube bawashiyelele ma-
hasi awo, yikona kuyothi ma
sewuthuthiwe mbila, tikhethwe,

tikhwebu netisele mahasi, tibekwe tojwa. Kube sekuthi ke ma seku thuthiwe, nalona nonemahasi ubekwe wojwa. Ube sewuyabophwa ke, ngamubili, ngamubili ma sekufikwe ekhaya, ke, ube sewuphanyekwa etulu. ngaketiko. Yimbewu ke leyo.

Lembewu, ke, yona, itohlala ikhale ite ibe mnyama yinuthu. Koja iyodlula imile ma seyitshalwa. Kothi ke, ma seyitshalwa, ixhodwe. Kuxhodwe le nekekhathi lenetihlamvu netinyulu. Kushiywe tihlamvu tembila netikesihlokweni nanetikesiqwini, ngoba tona ave titikhulu kahle, atilingani.

Ma kuwumbila, ke, wona uhlwanyelwe. Ma kuwubontshisi, ke, wona nye uchutshwe nje wo

jwa. Ma setilimile tiyaki, umuni eté nembewu yake. Aloku eyiha ngesandla eyifaka enomweni. Agabe ceje akhafule. Agabe ceje, akhafule, agabe ceje, njalo akhafule. Siphephetha wona bontshisi nokenomweni. Awuhiphe ngamibili ngamithathu, ngamunye, njalo. Ute uphele enomweni wake, Aphimise mathe. Aphinje amumathe nomumwe, ceje, awuphephethe nawo. Até ayiceje isimu yake.

Ma isimu ithanda kokuba ibe nesihlakava, athathe lithambo lehladi noma yihladini, nje, yakelwandle noma eyakefuleni. Ayishisele ngalo isimu, magumbi omane ayo. Siphele njalo, singcokoto.

K13/27 516

Kunesimwe sikhathi, akuté kungafuneka nakuba isimu ité ishiselwe mangabe ingenwe yisingcokolo. Ngoba, kunesimnwe sikhathi, kungena singcokolo, nje, esimwini, kweda lilanga kubalela.

Kube sekuthi emuva sesingenile singcokolo, linethe.. Linethe kahle. Ukhula umbila siphume singcokolo. Ubuye uwubona umbila sewuhluba.

Siye ngekuya singcokolo. Siloku siphuma ~~siphuma~~, sité siphele esimwini ~~yonke~~, singcokolo. Libe lisanethe, ~~kubimwe.~~ ~~Libe~~ kuhlume, sona senyuke. Linethe senyukele singcokolo, sité siphume etulu.

Uyacala uhahlela mbila sesisela kanqane. Libuye linethe siphume nasona leso nebesithi sisasalele. Iyacala isimu iyancashela, seyibeka tinganenje tayo, netingenasingcokolo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

516

K13/27

38.

Kuye kubophelwe tinyabi, kulin-
ywe ngeligeja lato. Kuphuhu-
twe ngeligeja letandla. Kukhu-
khulwe ngetandla.

Nasebenelihhala baye ba
hhale ngalo, bontshisi unga-
kamili, ma isimu iyinyulu.
Ma engenalo lihhala, agawule
lihlahla ahhale ngalo.

39.

Umuntu uyatilimela isimu
yakhe. Mangabe eyahile, amema
lilima.

Lilima lithohwa ngetindlela
netintathu. ① Kuye kuthi eti-
njaweni laha balwa buyisono,
maholwa ede lilima lawo.
Liholwa lithenge tiwa nenya-
ma nelilayisi. Lipheke kahle
kudla nokuhle kojwa. Limeme
nelimuwe, noba limeme na-
mamuwe, etē netipani lāwo
nawo, titōlimisa lowo nome-

me lilima ma setihummulile, ke, tiyabi, kuyiwe kodliwa kudla loko ehaya nobekundungiselwe lilima.
② Lapha kugaywa hona lijiki ke, ufati ufike aliphise. Lithi la setitolungo, amema tipani. nempela tiye. Tifike timlimise timlimise, tite tikumule. Bese beya kophuta lijiki lapho, la ligayelwe hona.
③ Sekubuye kuqhamuke sishi-meyana. Bamu basithanda ka-bi. Kojwa uthetho awuvumile, wahulumeni. Nebafundisi, ke kunetimwe tinjawo tahulumeni, laha kuhona iyolo nengavu-mele kokuba bamu bathinte ino nejakisayo, baye bengabe kokuba sigaywe etinjaweni tetiyolo tabo. Nelijiki nalo ba-lengabele kokuba liphathwe yibamu baliphute, nabaho-lwayo.
Kojwa ngoku, bamu sebe

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

-phenjukile ngetihlidiyo. Senga-
thi sebekuthanja kahulu ku-
phutā. Abasevi noma be-
funjisi beshumayela bethi a-
kungaphutwā, bona baya-
phuta ngemandla.

Lijiki sengathi lona
selikemuva, sekuboke sona
sishimeyana lesi. Ngoba
sona siyafihleka. Lijiki a-
lifihleki lona ngoba lija-
khelelwa, umunu alibalele
tisuku, atē alelamele.

Sishimeyana sona, munu
ufane aye sitōlo afike a-
thenge shukela nohlophe
kashelemi, athenge mamfo-
mane washeleni, athe-
nge bulande washeleni,
abuye.

Kuthi mashona aye
amadi ngemgxomo wahe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 516

afike awafujumetē ngelibo-
jwe. Athi, la, emthukuthuku
awabubudle ngashukela.
ma sewuvakala, ke, njenge
mububudlo nje, ephule.
& Athathe mithombo ya-
ngakasi ayifake, nekeyikad
isaqeja kuvubela. Ayifake
ngakasi. Athele umbubudlo lowo
ngetulu. Agovutē kuhlangane,
Abe se vubela ngetulu, nge-
mithombo yatiki, yabulandi
, awugovutēle hona ekhathi.
Uhlangane kahle. Abe se-
mbota kahle ngelisaka
nelihulu lembila, nelinga
phethe futho. Athi mbo
ngalo ceje, abe setibekela,
ngesijekiselo futhi ngetulu.
Kungangeni moya.
Kuyasa ngoso seku-
hluthukile. Usethatha

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lihludo uyabuhluda ngalo, lobwala bwake ubuthi du. Uhluda njalo akukosi kahle. Ubuthela etiyambeni take kahle. Uyamba nabo uyokufihla kuje ehlathini nelatiwa wuyena. Le, kuje nelihaya lake.

Loku ukwejela kokuka kuté kungabiho munu nongaqonjanisa kokuthi lobulande okasibanibani, ngoba yiliqala, ma, ebambiwe.

Kuyasuka laho, uthatha mithombo, le, uyoyereka kuje futhi. Angayeneki ngakehaya lake ngoba iyanuka ivakale.

Abe seyibuthas seyomile ayilonde. Useyoyeda ile

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

eyangakasi ma ephinja evubela. Kuthi nemisha kuke eyangetulu.

Leno, ke, ma sebeyedile, baye basebedise ngayo. Bameme lilima lebanu nabaphutayo baye kohlakula esimuwini. Kunesimuwe sihathi ma luhamba luhumuwe athole banu nabayilishumi namuwe. Injima ibe yimuwe.

Ma titimbili tiyamba netinjima toba tibili. Babe sebebuya betophuta kudla kwabo loko.

Abuye futhi aphinye ojute mumu lowo, kute kuphele isimu yahe leyo. Banu abasakhuthele kahulu ngoku. sekuvilapha nebanu besifatana nokuyibona nababekaje besebeda. Sebaye basidwe yitona tino netiphudwayo leti. Kute kufinyele usebedi Ma sekute kwavushwa kudla futhi seku-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

tohlatwa kudliwe kuphudwe. Kuthiwe kuyabuswa ke. Kute kubuye kufike nesimuwe sihathi sekulima. Malima bawacala ngesihathi kusalimwa. Nawetiyabi malima ayediwa. Kute kuvunwe. Noma sekuvunwa kwediwa wona malima kuvunwe ngawo.

Ngoku, ke, tihlobo tebalwa nesetiyiligugu yileti nengitobibala. Naletihlobo tidliwa ngekwebiwa nokwengqabile.

Kwake kwathi Mandawane Cele, egaye Gavini, kuwumcelo wenombi yahe, edele bakhozi bahe, kwafika lipoyisa litofuna kubamba lona luphudo lolu, kepha alitange lulubambe. Ngoba kwangeniswa ngelithilezi, nje, kuklele tinkomishi nemasosa nemathisipuni nesitsha sashukela nesentusi ne tiwa tiqobiwe. Kwase kungena iyudi yelithibothi. Baloku bethela, nje, bephuda.

mhlaleli, timsilele lijiki. Kuthi mangabe tiyisa mnjonjo emtini, tisile lijiki. Kuthi mangabe kuvakasha noba yiliphi lihungu lemtini, isile lijiki, inombi. Kube kuhle, ke, inenywana yayo yemabele netothatha itisilele kuyona njengekuthanda kwayo.

Nabonina laba nekaje bebula bafike ehaya, bacwilise mithombo. Basuse lijiki. Libile kuphudwe. Kube sekujabula nebanumtane, nabo bephuda.

Kukhwelā.

Mbila, ke, wona kuvunwa, kuvuniswane. Uthuthwe, ngemahanda. Uthuthelwe egceken lelihaya, ejute kwengolobane laho utothelwa hona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuba yilowo munu a-
thele incwaba yahe, yihona
kutothobwa doke, njengoba bese
ngike ngasho.

Nangamdla Kubulwayo,
kuba njalo. Bamu baye ba
bulisane.

Kubula kukabili. ① Ku-
ye kubulelwe umbila no-
muhle, imbewu yojwa. Ibu
-thelwe incwaba endlini no-
kutobulelwa kuyona.

Kube sekulunge ticwayi
nokutobulwa ngato. Bawu-
ngenele, ke, bewushaya ka
-mwekamwe. Bewuhlabelela
ligama nabatoshaya kamwe
kamwe kulona.

Mangabe sebewubulile,
bahetha mahleda, bawa
thuthele enyango incwaba
yawo noma eseyimvuthu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuphume lelogange, ku thuthelwe nomumwe futhi, nawo ubulwe. Kuphume lawo mahleda, kuthuthelwe nomumwe, ubulwe. Kute kuphele kubula. Kusale incwaka yebuklabuklabu bembila.

Ube sewelinwa. Wona awunawo mungu nomningi njengemakele.

Ube sewuyathuthwa, ke, nawo. Uthuthelwe emgojini wawo esibayeni. Uthi mangabe sewugcwele mgoji kuvalwe ngelicongo nelejiwe ngemsenge. Lithi mbo. Kube se kunamekwa ngebulongwe. Kube sekuthelwa ucuba, Kunyathelwe. Kube yihona kufakwa uhlaka, ke.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

516 K13/27

~~K~~ Kunyathelwe. Kugcibwe kube yincwaba.
Labebekaje bembulisa, abevise dobe. Mangabe kaje lina kumbululwe, kubekwe kucwila. Mangabe kuphele kudla kumbululwe kukhishwe. Ngeke uphehlwe mbila ~~engobuvesi~~ emgojini kotē kulimwe ngawo ungaphehlwanga.

~~Maj~~ Majumbi.

Majumbi wona, ayadliwe, adliwe, abe sevunwa awekudliwa, kushiywe imbewu ingavunwa yona

Lawa navuniweyo, alōmbelwa sisele, ~~n~~je, nesihuhu. Athuthelwe kusona. Tingachudulwa tijeku,

ukuba tehlukaniswe neti-
njalo tato, ngoba funa tibole.
Sekutothi, ke, mangabe
esethuthelwe esiselem leso,
kusikwe bwani, bwelekwe
ngetulu kwemajumbi lawa.
Kube yibona sekufakwa u-
hlaba. Kugcibwe kute ku-
be yincwaba.
Sekothi, ke, mangabe
umuntu efuna kudla,
aloku eya kombulula,
ahlube, apheke. Njalo,
nje. Ate aphele.

Bontshisi

Wona bontshisi ubulwa
ubulwe ufakwe enyweni
ubophwe kuyona. U-
phoswe ekhathi kwembila
Mangabe mbila ufakwe
emgojini, kungafakwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

516

K13/27

notha kubontshisi. Nanga-be ufakwe esihlwini, ufakwe unotha yihona kungeke kwaphehlwa. Kokhiphwa sekutshalwa.

Phela Mlila, kunesimwe sihathi awulahlwa ngeliqwayi. Kuye kungene makhe. Umuntu athathe sihwebu asihlikihle etsheni. Kuphele, athathe nesimwe. Nababkwatiyo baye bajahe ngangoba likoyi liphela ngelilanga.

Enkangala, muntu uschoda, nje, uyathota. Utothi angenela, athathe sitsha sahe, awolele mahleda ahe, aye kotibasela lhaya lahe.

Mathanga.

Mathanga wona, nawo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ayavunwa. Afike abekwe incwaba egceken, enjaweni nekhethwe yibona. Kulobe sekubiywa siffonqa. Sibiywe sicine. Kwefdelwa imahla nenjengetomo, petimbuti, netimbongolo, nemayashi, kokuba tingawaxovi, ngoba nawo ayamba hona eggekeni.

Atohlala kahle, nje, wona mnikatiwo aloku eyowaphenjula. Abone mangabe likona nelihlabekayo, lidliwe. Aloku ekhetha nalithandayo atidle. Mangabe enelihanda nelingabolisiyo, kute kungene kulima. Tite timile tiranga ngekhathi kwemathanga, tiva kokuthi lethwe se lihlobo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

516

Batata wona auruvunwa udlelwa esibatateni ute u-phele. Nato tohe tilimwana leti netilimwa kangane atinamgoji. Tiphelela e-nomwem, kubekwe im-bewu. 65.

Mule wuthi nomhulu wekuggqumisa imbewu. Ngo-ka nembumba yembewu, iye ibophwe tithungwana ipha-nyekwe etulu endlini neka-swayo. Netikhweba tembila tembewu, tixhumwa nga-tibili, ngemahasi ato, tigaxwe hona etulu, tingaphehlwa. Nemabele embewu, abulwa. Aye ahlomwe hona etulu nge-khathi endlini nekaswayo, angaphehlwa. Netinanga tiye tifakwe esigubwini, sivalwe silengiswe hona etulu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

124 *

516 K13/27 516

66

Mangabe imbewu ~~xf~~ ichodiwe, iye ifakwe esikulwini. Ixubwe nenotha, yikona ingeke yaphehlwa. Kube se kunamekwa ngekulongwe.

67.

Mangabe sinethe kakulu kuye kumbulalwe emgojini kubekwe kwekuthi ave kucwilile yini. Mangabe besola, babe sebeyikipha imbewu ingatē imide. Ngoba phela ayibe isaphehlwa isike yangena emgojini.

68.

Mangabe ika yathiwa futhu, ibe seyihlala umwaka wohe ingaphehlwa.

Nayona, le, nejikiswa ekuthi endlini nebaswayo ayiphehlwa kute kuphele umwaka wohe kutshahwa ngayo ingaphehliwe.

END S. 516

End 516

Kuthe la sebephethe tinkomishi te-
kuggina, angena maphoyisa. Bati
minya batibekisa kasi bahlala
balunga.
Angena wona athalata.
Wawabingelela Manjawane. Wawa-
hlalisa kasi. Nawo ahlala. Ati
bonela bami, nje, bephunga.
Wayesebitā inombatana ethi,
ake iye kokwedela nawa mapo-
yisa litiye. Inombatana yathatha
lithileyi layo yawolela tinkomi-
shi nelithibothi yayobeka.
Yatigeza. Yathela litiye. Abuya
~~ayophel~~ atophuda mapoyisa
adla netiwa leti nebetisele ku
-bakhozi. Abonga ayamba. Atā-
nge ahibone luphuzo lolo.
Basale belushisa ngemuva kwā-
bobakomkhulu.
Juleshe, yena, ufane aba-
fake esibayeni babase. Umunu
ekuje aqabange kwekuthi ku-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

dliwa ihloko kanti qhas, wutshwala
babase ekhathi esibayeni, yihona
nelipoyisa lingeke lanaka kuta,
liqabange lithi akuho lutho kani
kuhona lutho.

Tihlobo teluphudo noluphutwayo

① Sidloyiya yilesi nengisibalileyo nga-
-le.
② Kuhona Sishumeyana.
③ Kuhona Ngindo.
④ Kuhona Siqatha.
⑤ Kuhona Gavini.

② Sishumeyana sona asediwa nga-
-shuikela, sediwa ngatiligi. Umunu
ufike apheke madi ashise, kojwa
angabili. Abe sethatha madi lawo
ewaqulela embiteni. Usethela tiligi,
ke, emadini usegovuta ngeliphini,
sekutē kuyevakala njengemu-
bubudlo, nje, watiligi.

Ma sekugovutekile, ke, bambote
mbo ngelisaka, kungabiho mbobo
neyojwa. Babuye baphinje ba-
mbathise nganelimwe futhi lisaka

babe sebetibekela ngesijikiselo ngetulu, ukuté babe neliqiniso lekuthi u oja ngeke ungene.

Bayambe, ke, baye kolala. Kothi ngangoso, kube sekubilile. Sikujisona siShimeyana. Sona, ke, asihludwa, ngoba asifakwa mithomio. Tiligi awunatiyambi, njengabulandi.

Babe sebethatha tiyamba netingangaleti nokuze kuthungelwe kutona lijiki. Basithungela kutona. Kube sekuthi, ke, ma sekuphelele banu labo nabatophuta kungenwe enjaweni leyo nokutóphutelwa kuyona. Kuhlalwe tigcema netibili. Silisa, nesifatane. 1

Kuphume luhamba lubekwe emajodeni. Kuphume luhamba lubekwe kumahosikati.

Akuphutwa ngeluhamba njengelijiki. Kuphutwa ngengilazi, nokuziyona neziosikalo. Ma ingeko ingilazi, kube hona

ligaba nelingangayo.

Ma kuyibanu nabayitigwili tingilazi tibe yisithupha kushi-ntshwane ngatō bate benele banu nabamuwe babe natō tibe yili-shumi nambili. Kuthungelwe kutōna, ke. Kube yilowo anikwe ingilazi yahe, kube yilowo a-nikwe ingilazi yahe, njalo, nje.

Ingilazi iyimuwe yenele ko-kuba yede munu ename a-swabuluke. Kojwa ma, sisi-ningi, banu abasishiyi ba-phinja noma ngatimbili noma ngatintathu. Noma ngatine.

Lapho, ke, munu useyi-mpuphu nje. Ngokuba munu uyehluleka yikutilinganisela eluphudweni. Sengathi ma-lusehona angaba yiloku elu-wolela, nje. Atē ajakwe ka-huhu. Loko, ke, kubi. Akusa-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

fwanele. Ngoba lobuphudo alufwani
nelijiki. Lijiki yikudla. Ngoba
lona awukwati kudakwa yinde-
be. Uphuta kute kwesuthe sisu
saho, ube sewuba mnandi, nje,
kahle. Letiphuto netintsha, ti-
fwana nesangu. Ngoba nayo
ayifwani nagwayi. Yona iye
igijime iye kophenjula likha-
nda lemumu. Kuke sengathi
alisagcwele kahle.

Umumu nobema isangu
umehlo bomvu. Nehloko a-
yiho kahle kuyena. Nemu-
mu, ke, nophuta letiphudo
uhula. Ihloko yahe ayimile
kahle. Ngoba leno ayidlelwa
kwesutha. Wephuta ingilazi,
nje. Nayo ingayi nakokwe-
suthisa sisu. Isuke ikhwele
ekhanja. Ube sewujakwa, nje,
ungesuthi nakwesutha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kani futhi nelibabalazi layo linemandla. Uthi eqabuka umunu, abe ethatha imali eya kothenga nomunmwe shukela ecwilisa.

Nabamwe hona emahaya, laha, bayabuthengisa lobahwa. Kuthi, ke, laba nabangalitholi lithuba lekubuqunga bathenge kulabo nabathengisayo.

Yino nentsha le. Yimbi. Kojwa ihona. Nemapoyisa na hiphwa yitinkantolo awedi lutho. Banu bawacinele nganolumnwe luhlobo.

Ngoba enjaweni la, sekubonakala hona kwekuthi sekuyalutela mapoyisa hona kuye kwesuke munu abe mumwe aye kophekela ehlathini. Avubelele hona ashiye. Kuyasa ucongja hona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Abone kokuthi kuseme kahle. abuye.
Abe sencida labo ~~ma~~ nabetoya kophuda nabo. Kube yilowo ayambe ngendlela yahe kube yilowo ayambe ngendlela yahe. Baye bayohlangana kulona lihlathi lelo nelimnyama.

Bafike baluphude ngemandla lohuphudo lwabo, bahlakateke. bashiye kasi yohe ino laho. Batiyambele bona. Baye kokwesasela kunemuwe injawo. Noma lipoyisa libafiqa, alinakubamba lutho.

Kojwa leno. yabo, iye ithandise inyama, nesifalāne. Banu bayo baba nohubo wekweba tiyuku tebanu. Ma sekusenjaweni neseyiphucukile,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

yaba nelisilaha, kube ngcono ngempela. Ngoba baye ka baye kotitshengela inyama esilaheni badle.

Ngikuluma, nje, ufati waye fehwe yinjoda yakhe, wangenwa umfowabo njoda. Ngoku, ke, akeho, waye kosekeda. Ufati welingeno, lo, Mashinga, wasale wangenwa yito letiphhudo netediwayo.

Washwilana neligange lebafati nemajoda, bayambe bephuta. Kuhona Bidliza Madlala, kuleligange. Kwakuyilisonta ngalolo lusuku ngoku, ke, sebejakiwe. Sebeyambe beshelana endleleni, ngembili kwebanu. Sekuba wuhlola, nje, bevimbelana. Sebesuke belala nje elubala abanu bebuka.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Sekuthi emuva kwaloko, ke, Bidliza wabuyela chaya, wathatha tomo netiyesithupha, waya kolobola ufati. Kwabutwa kokuthi ufati yena uthini ngalenjaba, nyengoba engeniwe nyena.

Ufati yena wathi asakufuni kungenwa. Yena usethanda kuyogana Bidliza ngoku. Nempela bammela naye. Iasala tingane leto netine.

Loko, ke, kwaba kuhle, nje, ngoba bobobili kwakuyibanu bengahohwa, futhi bevumelene.

Injaba ya Yo.

Yo, yena wehlelwa wuhlola. Ngayona injaba yeluphudo lolu. Wayengenaye yise, enenina, ligama lahe ewu Majeruza.

Ngoku, ke, Yo uthola umlungu uyasebeda kuyena. Yikona engena ebunombini. Ufahele

ufujumele. Utiphethe kahle. Uyilihölwa. Nenina maJevuza ~~uyaluka~~ uyatichenya ngenombi yake negwaqa netiphethe kahle.

Sekuthi laha kwaMlungu, kuhona sigebengu senjoda, iyasebeda nayo kuyena mlungu lowo.

Ngoku, ke, umlungu ushiya Yo ekuseni. Uyayamba uya edilobeni. Uthi kuhle asale alinje muti yena utobuya mashona.

Wasale wasebeda, Yo. Wayesengena endlini nalala kuyona; Uthe ethuka wayedumelwa wumunu wamphoqa. Wayesahale munu akwate kweva munu. Kuthe ngelikade kweva nesimuve sisebedi safika ememeta, Yo. Wahlaba ukhosi lowo munu. Kwafika mapoyisa ambamba. Wafike wabonakala kokuthi ubedakiwe lomunu wayesetibambela ngeyani;

Wabophwa. Waphuma, ceje, washaya iyomo wageza yo. Washaya iyomo yemqhoyiso. Wabuye wageza umuti wemlungu.

Konke loko kweda lolu-phudo nolubi, nolüceja ingqondo. Yiko, ke, lubitwa ngekuthi lubi ngoba luceja ingqondo emtwini. Kanti, ke, banu bayatithethelela ngekuthi abanawo mandla eku-lima bahlakule lukhula ka-nti kulimelwe kamwekamwe. Kanti futhi nemali abanayo yekubambisa litoho. Shukela uyabasita ngoba ubanika injima.

② Kuhona Ngindo

Ngindo lona, ediwa yena ngatiligi njengesishimeyana. Wediwa ngamamfomane.

Umunu ufike apheke madi ngelibojwe. ashise. abe sefaka mamfomane. agovute. Kuvakale njengemulbolundlo. atibekele

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

njengasona sishimeyana. Ngakusasa sekuhluthukile. Sekuyaphudwa.

④ Sigatha.

Kuye kuthi ma, kaje kuphutwa lijiki, kuhludwe ceje, kuthelwe intiyantiya kunolumwe luhamba, ibekwe.

Kothi, ke, ngakusasa sekuphudiwe kwanganjwa, wena uthathe lentiyantiya, uyifujumete ngelibojwe, nelihulu. (Intiyantiya, yiloku nokuyincushuncushu nokusala ngakasi, ma, kaje kuhludwa lijiki) Uthele amadi. Kojwa ungawatheli kahulu ukuba ingate ijumale intiyantiya. Uyalinganisela, nje, kahle.

Ma seshisa madi lawo nanentiyantiya, ayephulwa. Kufakwe shukela. Kugovutwe ceje, uvakale shukela. Kumbotwe ngemasaka, kuthiwe, mbo. Kugcinwe ngesidikiselo selibojwe. Yihona kutofujumalelana.

Kulalwe, ke, kuse sekuhluthukile. Abe sekuhluda, ke, um

niniko. Sekufakwa etiyambeni. Sekulethwa tingilazi, noma yimabodlela ekuthungela. Sebeyafika, ke, bayathatha bayaphuta.

5. Gavini.

Munu ufike afujumete madi. Awa bubudle, nje, alingise ma eda sidloyiya. afake bulandi, athi, du. Abe sefaka lilayisi likazukwa. Ulifaka eseligothile. Azibekele kuto kuphele tisuku netintathu. Kuthi, ke, ngelusuku lwesithathu, kube yihona uhludwayo, lise sowuya thathwa uyaphekwa. Uphekwa kanje:—

Thatha sidloyiya usifake e cggongweni. Lawa magqongwe ekukala mbila ma munu edayisa ngawo uchodiwe.

Munu, ke, asifake kulona asethwale aye ehlathini nelimnyama. Afike asibeke kasi. Ahlele litiko. Abasele ngakasi. Usuke, ke, usebedi. Sekutophekwa sidloyiya, sedinwe Gavini.

Indlela yekuedaGavini:-

Kuthathwe liggongwe ~~lubobosowe imboko~~ esiswini, ne lifakwe sidloye-
ya; kubaselwe ngakasi. Kuthath-
we lukhamba lususwe singe
salo. lubobosowe imboko esi-
swini, nengangena uhlanga
nomhuhu. nawo usubobosowe
kahle uxhumwe kulemboko
yeluhamba, njengoba ubona
lithiboti nje. Laha ekhathi
kwelukhamba nolususwe singe
salo kufakwe isimbi neyisi
thetshana, nje. Lesimbi yediwa
kokukubat yenele, nje, kubambe
lela ngekhathi esiswini se
lukhamba. Kojwa isishiye
sikhala sekuba intuthu, le
ikwati kukhuphuka ngeti-
hangothi teluhamba ngoba
lukhamba alunasinge
Laha ngetulu kutobekwa
sitsha sesimbi futhi. Noba yi-
ndishi, nje. Ifakwe madi na-
bandayo, ibekwe etulu kweluhamba

516

Kutobaselwa, ke, ngoku, ngakasi. kubaselwe, kubaselwe, kubile. ngoba phela la, kuhlangana hona endishi neluhamba kunamekwe ngebulongwe. Yihona inuthu ingeke yaphuma, neligaongwe nendishi kundenzwe kwathuyla umoya:

Ma, sekubila sidloziya lesi nesikegaongweni, intuthu itokwenyuka ngeluhamba. Ifike ishaye endishini ngekhathi, nephethe madi nabanjayo, ingaphumi ngoba kunamekwe ngebulongwe.

Ngoku, ke, lentuthu itofike ibe tigaxa temaqonsi nangangematolo. Lemaqonsi atoqonsela kulesithetshana, abe saphuma ngohlanga.

Laha, ke, la kuqonsisela hona amadi lawa naphuma kulohlanga, kubekwe tingilazi. kuqqwale leyo, kufakwe leyo, kube kubaselwe, ngakasi la.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

516 28

K13/27

Kugqwale leyo, ngilazi, kufakwe leyo. Kugq wale leyo, kufakwe leyo. Njalo, nje. Kute kuphele sitimu eligqongweni.
Sekuklele magaba laha. Lamagaba nathenga phalifini. Agezwe kahle.
Letingilazi tithiwa kuwona magaba lawo. Ngoba ligqongwe ligqwalisa ~~magqongwe~~ magaba nayisithupha.
Lamadi naphele lamagaba afwana naphalifini umbala wawo. Uthi ma uphuta abaleke nenomo, lo, njengaphalifini. Uphuta ino nengangenkomishi le yebalungu yekufaka maqanda (egg cup) udakwe ubole.
Ma, uke waphinja tatibili kube utonquma kabili emgwaqweni.
Loko, ke, wuyena Gavini, ke. Bamphekela ehlathini, la kungeke

kugabangeke kokuthi ungafiqa u-
munu hona. Ngoba ma, umunu
ebambiwe yiliqala nelibi ku-
hulumeni.

Lothi wabo nabowuphutayo uhlophe
njengaphalifini. Ma befuna kuweda
ube nembala nomumwe, baye ba-
gayinge shukela ngesidekiselo, ute u-
ngibilike. Ma, sewungibilikile, ke,
ugishu kuba bomvu.

Bawuthathe, ke, loshukela nobese-
ubila wojwa ngesijekiselo. Bawuthele
kugavini. Kulelo gaba nabathanda ku-
liphenjula liqishu libe nsundu.

Babuye baxove mathungulu noma
umantshibe, uthi wakendle. Ba-
Cwenge. Bathele kulelo gaba naba-
funa libe yilowo mbala.

Bangase babe nawo mandla
ekuphenjula mibala yohe nge-
kuba bafake leyono nedliwayo
nenembala nabathanda abe
njengawogavini wabo.

Labathengisayo, bawuthe-
ngisa boshelemi nabayisithupha

516 K13/27

nazukwa ligaba. Badlule bakuthenge. Leno, ke, bathi enomweni wugologo lucobo lwawo awuhlaphi, nje.

Kani futhi kuhona nokumwe nokunemandla namahuhu kunagavini. Loko, ke, kona, kukitwa ngekuthi:-

ISIBONYA

Ukuté uthole sibonya ufwanele uba natiligi, notovakala eligqongweni lemadi, nelikice likazukwa, neligqongwe, nemithombo yemabele Ld nelukhamba, nohlanga.

Indlela yekwediwa kwaso.

Thatha libojwe nelihulu, ufujumeté amadi, ashise. Ma eseshisa madi, utokwephula, uwaqunge ngatiligi, até afwane nembubudlo noshisayo. Faka embiteni. Guba likice lika zuka, ulifake ekhathi, ugovuze. Gaya mithombo kazuka, uyifake ekhathi. Ugovuze. ~~nohla~~ Kuhlanga ngane kahle kohe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngoku, ke, tibekela ngelisaka, uthi mbo. uvalisise kungangeni moya. Leno itoqubuka, nje, ngakusasa. Ibile mpela. Kojwa itoyekwa nje ihlale lisonto lohe ingavulwa. Itē ithi lusi lwayo lube yisingandabuli, luthanje kumhisha mumu, ma evula ekhathi.

ngoku, ke, sekuphele tisuku netiyisihlanu, kutokwethwa-lwa, kuyiswe elihlathini neli-mnyama, ngoba sekuyophe-kelwa la kungayi poyisa.

Laha, ke, ehlathini seku tococwa matshe ekuseke-la ligqongwe nokutophekwa ngalo.

Kutovulwa imbiza, ke, kuthelwe egqongweni, leno nebeyigqunyiswe embiteni. Leno ingakaphekwa a-yiphutwa. Ma uke wayi-

516 K13/27

phuta ungancamuka mathumbu juqu. Uhude lusheko noluhlaza, ufe. Iwushevu welucobo, ma, ingakaphekwa.

Leno, ke, ngoku itothelwa eli gqongweni. Kube sekufakwa lukhamba nolubobosiwe singqe salo. Lwabobosiwa imboko eqeleni, kwafakwa uhlanga notoba wunomo, njengenomo weli thibothi, wanamekwa ngekulongwe lonomo. Lonomo uxhumene nesicwecwe sesimbu nesifakwe esiswini selukhamba, ngekhathi.

Lesicwecwe sesimbu sitobekwa, nje, sixege, sibambwe yikucwija kwelukhamba, ma, sekuya ngakesingqeni, ngoba niyati, lukhamba luba lukhulu esiswini, lunciphe ngenomo,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nangesinqe. Leno, ke, ibungazwe ma iya ngakembobweni nefake uhlanga. Ibe umtshumo notongenisa embobweni yehlanga.

Kunamekwe, ke, futhi ngekulongwe, la kuhlangana hona luhamba neliqqongwe neliphethe kesidloyiya.

Kube sekubekwa indishi nenemadi nabanjayo ngetulu kweluhamba.

Kubasekwe, ke. Kubile. Kukhuphuke intuthu ngemboko yeluhamba. Isungubale ngetihlangothi teluhamba, isungubala kulesithetsha na sesimbi, nesifakwe eluhambeni, iye iyoshayeka endishini nenemadi nabanjayo. Ngakasi kwe-

516 K13/27

ndishi kushayeke intuthu, iye-
swele injamo yekuphuma,
ngoba kunamekwe ngeku-
longwe. Ayiko imbobo yekuba
ingaphuma lentuthu ne-
jahe kangaka.

Ibe seyifika indishi, le,
ibanda. Ibe seyiba yimaco-
nsi njengematolo. Iconsele
kulesitetshana isheshise.

Semukele sithebe sifake
ehlangeni. Uhlanga ukhi-
phele ngakandle. Ma se-
kufika ngakandle sekulind-
we yitingilazi netikhongo-
teleyo. Setimi lukhlele.

Kwegcwale leyo, isuswe,
ayemukele nomunye noyitha
emagabeni.

Kute kuphele. Kusale intlelem-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

-kqongweni. Lentlelemu ineyi-
tisipho tahona. Seyiyoba yimule
yekusukumisa lesimwe <u>sibomya</u>
ma esephinje esipheka.

<u>Gindoyi.</u>

Kuhona <u>gindoyi</u>, ke, futhi.
Gindoyi lona yena yilijiki, nje,
nelifwana nesishimeyana.
Ufike ufujumete madi, ashise.
Uqo u waqunge ngashukela.
Ube sewukaje uphehe matamba-
ne engacwecwiwe, ate aqishe
avushwa.

Wasewuthatha konke,
usukuqulela laha kulamadi nana-
shukela. Usuqobela phayinaphu
ungahlubiwe. Ufake kohe kamwe
kamwe. ^ufake nentlelemu yesishimeyana. Utibekele kushisa, nge
lisaka. Uthi mbo kungaphu-
mi moya. Kulalwe kuse se-
kubilile. Kuqwengwe kuphutwe.
Sekuyadaka njalo. Kuphutwa nge-
ngilazi kona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Konke lekwati yino nehona kubanu. Bayazidla noma iyiliqala. La kungavinjiwe hona, beda malima ngayo. La kuvimbwe hona, bakwedela ehlathini bakudlele hona.

Babeka taba tekutshi abanamali yekuqasha litoho lekuhlakula. Babe sekemema lilima.

Yikona, ke, nje, kufwanele kokuba ngithi na ngihuluma ngetindzaba tekulima ngiziphathe indzaba yalolimphudo.

39.

Umunu uyatilimela isimu yakhe. Ma kukona nongenatiyabi, kojwa enaligeja, uye evane nemunu nowesuwele ligeja amnike lahe. Kuthi ma eselime wahlanganisa leyo simu, abe seyomlimela naye.

Ma umunu eneyabi iyinwe, uye ahlangane nomunu

nonetiyabi netintathu naye leyo
yabi yahe itokweda kokuba
alimelwe naye masimu ahe.

Ihlangano neye ike yihle
kuye kufwanele kokuba nomum-
we abe netiyabi netibili nema
jokwe. Nomumwe abe netiya-
bi netibili neligeja. Kube se-
kuba yilowo muti walehlangano
uhipha mamu notoyamba neti-
yabi. Kuye kuthi, ke, kulimuwe
isimu yakulomuti, icejwe.
Besekucahwa isimu nenga-
ngayo yakemtini wesibili.
Ihlangane. Kukuyelwe
Kulomumwe. Ihlangane ku-
buyelwe kunomumwe. Njalo,
nje. Kuthi, la sekuphelile
, tiphumule tiyabi.

Ma bengaqilitelananga,
leyohlangano iye ihlale
minwaka, ihlangene ngeku-
limelana.

Ma beqilitelana yehlukane
kube yilowo atifunde wahe no-

musha, nalowo atifunele wahe. Bahlangane sikhashana behlukane njalo nje, bata balime baphume lele. Kuthi ma bengakholani behlukane.

40 Kunesimiwe sihathi, nje, noma umnumntane enetomo neticeje sipani kahle, uye amemе nesimiwe sipani sitomweleke lela. Ngoba kuba kuhle, nje, ma isimu ilimwa isheshe iphele, bangate kome mdaka isimu ingaphele.

41. Akukhethwa kwekuthi ubani notongena ngekweleke lela ekulimeni Noma kungaba yisihlobo ngekutalana, noma kungaya ngebengani kuyafwana, njj. Ingoba ma isimu ilimiwe, kuphelile. Akukho thetho.

Ma esile tino netiphutwayo, ke, Mnumtane, uye amemе tipani te bakhelwane, tilime ceje tiyambe-

5/6 38 cont.

K13/27

tiye kophuta.

42

Ma kujahiwe, kunesimwe sikhathi, umumtane uye ahulume nemahelwané wahe, ma bavada. athi kuhle amthathise injima yahe. Nempela abophele. Kuhla ngane li

516 K13/27

tiye kophuta.

42 + 43

Ma kujahiwe, kunesimuwe sikhathi mnumtane uye ahulume nemahelwane wahe ma bevana. athi amthathise injima yahe nempela akophele. Kuhlangane tipani tilime ticeje.

Kuyothi nganelimwe lilanga nalona nobekaje etosita utosho kokuthi kuhle baye kohlanga kweyahe isimu. nempela umngani wahe utobophela ayomaita ngoba naye wamaita.

44

Ma kasuke kwediwe lilima, kuba kuhle kabi. Tinombi atejwayele kuya elilimeni. Kojuta phela awe sekuyikuthi atiyi, nje, nempela. Tiyaya, nje, ma kuyikebayai kwahelwene. ngoba natō tiyamphuta bulande

Elilimeni kukhe hona maphilaphuko, nebafelokati, nebafati, nemajoda netisiva (Phela majoda naganiweyo kuthiwa yitisiva ma engakabi yimakhehla)

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27

Umninilitima ufike atsheleke magejo awabekelele inqwaba ehaya. Phela batofika labamemiweyo. Mhlaumbe bafike bewaphethe magejo ako, ke, bona. Kojwa labevile kokuthi kuhona li-lima, batofika bengawaphethe, ngoba beve endleleni. Batowafuna, ke, bawa-thole. Bayobamba enjimeni.

Yena, ke, utolanjela naponywa-na, ethele kuyena lijiki lelo nelito-phuzwa;

Kutothi, ke, la lilanga seliqina, naketimbeni selivakala kokuthi lijashisa, Utocala utimba kuswabu-luka ngoku. Ususwakululwa yilobonywana nabamminyileyo. Setitogalawela, ke, timambana. Itosho ibe yimuwe icale ingoma yaya bayilanjele bohe. Bashaye kamwe-kamwe ngemagejo. Babuye baphakamise kamwekamwe futhi. Bayibubudle isimu ye-munmkunnuke luthuli.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ukulithatha ake mumwe noyili-
cikwe. Asho noba yiliphi, nje, na-
lithanjayo ngehhtiyo yake. Bame-

Njengabtungwana. Wayeligagu,
futhi enemandla. Wayejwayele lekuthi:-

*yemama yenganinovalo. Yemama yenganinovalo.
|d' :s.s.d|–.l :s.m|r :d | : |d' :s.s.d|–.l :s.m|r :d | :
| : | : |d' :s.s.d|–.l :s.m|r :d | : | : | :
yemama yenganinovalo

Sithandantombi sinenganinovalo Sithandantombi sinengani
|l.f :s.d|s.l :s.m| :d | : |l.f :s.d|s.l :s.m|r :d |
| : | : |l.f :s.d|s.l :s.m|r :d | : | : | :
Sithandantombi sinenganinovalo.

novalo. Fine *Go back to the Beginning
|r :d | : |d' :s.s.d|
|l.f :s.d|s.l :s.m|r :d |
Sithandantombi sinenganinovalo.

Ma bemwethabele mumu, ka-
yayiceja isimu yake. Ngoba ma
sebegalawele, nje, kuye kuthu-
nqe tintuli. Ma iphela, iphele.
Ma isala isalele ~~ko~~ mnikatiyo.

Bona, ke, bayambe. Balawulwe
laho, la, beya kophudela hona.
Bafike baphude ceje bacala kunci-
kilika. Bantelisane.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Baphuze futhi. Ngoku bantele kahulu. Silisa sintela nesifatane. Noma, nje, kusuke sona sifatane sintele. Nowesilisa amntelise. Besifatana, injaba yesuka ngaguwayi. Umunu uphuta, aphute, acaleke. abeseya enjodeni, efike ethi, "Ngishiye" "ngishiyele." "Wena utonginikani?" Se kubuta injoda. Ayi, wena! Yikuma kwakho, njalo, ma ngiqela gwayi uyanginqisha sonke sikhathi.

Usempita ethi kuhle ele baye koshiyebana. Sebesithela ngeqi-hlahla. Ma umunu lowo we-sifatana ewumunu noresimi-lo nesilula, seyiyaphela njalo injaba.

Kanti futhi nabamuwe ba-nu besifatana nabayidlayo leno, banetimilo inetiluhuni. Ababe besavuma kokuba ku-de kuntela umunae weliba-ndla. Baye bale. Bathi funa

51.6 K13/27

badideke. Umuntu asuke alale kasi kute kuphele kudakwa ake setisukumela etiyambela.

Kanti futhi ave bephuta bohe banu, njengoba ningiva ngithi bayaphutā banu. Wumoya nokhona Usuhona umoya wekuphuda kukanu ngoku. Kojwa ave sekuyikuthi banu sebephuda bohe. ~~Aha~~ Aha! basahledi, nje, nabamve. Abamudli shukela evubelwe wediwa liphudo noludakanayo. Bamudla eyilitiye, noma exubwe nekudla, ake yikudla. —

Banu nabamnyama bethembeke kakulu. Futhi banetimilo netihle kakulu. Nakubona, kuba hona mashoshotela naphumabugha. Yiwona ke lawa nafike ede mikhuba. Ibe seyithanda kuthonya banu nabathathekayo.

Kade kungediwa loku thina thina kithi ndlu nemnyama

kokuba banu baphunde likhamb, bathi yilijiki. Ayi! Asikwati loku. Thina besati kuphutwa lijiki lemabele nembila.

Uphute wesuthe kande udakwe. Ayi kusukela phalifini utithungele tibilini ngawo. Hhayi! Leno ayifwani nathi.

Ngakoka, ningangiqabang kokuthi ngisho kokuthi leno yikuma kwebanu nabamnyama. Ngiyayethuka leno neqabukekayo kangaka

Leno siyihuluma kunina banu nabasha nihlale nati kokuthi sive sekhwethu sinetimilo netihle ngekwemvelo. Ma sekuqhamuka tiga netifuna kweda sive sekhwethu ~~tibe~~ sibe bula, kuhle niviko. Asitona tijakwa thina. Siphutela kwesutha. Nani ma nibona letino netintsha nibe notibamba, nitakhe

Laha ngekhwethu, ma kusuke sekwethwese lihlobó, kuyalimwa, nje. Akulinjelwa yosi nanjuna. Yisihathi sekudlhwa la kuye kulinjelwe kuchinsa lusehwa.

Ma kulimwa, nabani uyatilimela loko nanabani ngesikhathanda kukulima, ngesikhathi nasibonayo.

Kube sekuthi ngesikhathi nesibonwa yiyosi, imemetele. Besuke, ke, banu baye koyilima. Babuye babuyele kwawako. Kuthi, ma, sekumasimu. Kwena, babuyele bayosuke hlakula.

Phela, ma kusuke kuyosebedwa usebedi weyosi, kuye kuthi banu besifatāne baphathe kudla. Bethwale nelijiki. Udle, ke, mphakathi, uphute. Iyosi ibe seyibanika iyomo yekuba bayigwate badle. Mangabe itshanya ibanike tibe tibili.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 516

ma seyomile bayivune. Bayithuthe bagise kudla ehaya. Nelikoyi lakhiwa yibona. Nebwani bekufulela busikwa yibona. Balifulele balithi ju baledele nesivalo salo.

Babe sebethola nemandla ke ekuvuna kudla kweyosi bakuthuthele ekoyini layo nelakhelwe yibamubayo.

46

Ngekwemdabu, isimu ihlakuhwa kamuwe. Kojwa, ke, nemwe injawo iye ivunje kahuhu. Nelukhula lubangatele. Ma kunjalo, ke, kuye kubuye kubakutelwe. Kwejelwa kwekubama kufulwa kutē kufulwe kusahanya, futshi kuvunwe kusahanya ngoba mweno uye uhatshate kabi emasimwini

47.

Yibafati nabahlakulayo. Netingane, ke, tiyahlakula, nesetcala kuhlakanipha. Manqmbatana. Ngoba kwatiswa kokuthi inombatana ifwanele yati yohe mi-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

sebedi ngoba itokwenja. Ma seyenjile, iyotiphatha, iphethe umuti wo mumu. Iwuphathe ngaleyondlela neyayifunjiswa ekhwabo.

Ma, ingakwati kuhlakula, kube ufile lowo muti ngoba ngeke kudliwe lutho.

Imvama, inkobo yebuntu ayiphelanga kubamu. Yekuba injoda ite ingabi nanjaba nekuhlakula. Nanohla, kuseyiko loko nje, ngoba majoda ayja kosebeda imali esilungwini. Ufati asale nemisebedi yemuti. Kona kuhlakula loku.

Okungangoba noma ufwana edola, ucala, ngekubonisa. Ayibonisele inombi ingambonі yena. Kanti usengcondile walinganisana nesihlahla kuyiloku kusile. Ayibeke ihlakula kokuthi iyakwati yini kuhlakula. Ayivisi iyilivila yini?

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ma eseyibonile kube yihona e-yitekayo-ke. Ma ifike yeda buvila, noba yibunuku, bayi-tshele kahle emtini kwekuthi kuhle keyiyambe iye ~~kuyise~~ kyuina, aye koyiyala. Nempela ito yamba, iye ekhwako.

Ma seyifikile nempela batoyisola bathi yisono sayo. Idlalelani ngekhwemana? Kuhle yede kulunga. Ihlakule Liikhula elwabafati. Kuhle a-bambe tingane ~~tahle~~ tahe ti-mhlakulise. Babe sebethatha ~~nana~~ noma yilithanga. Sebeme-thwesa lona bekhwako kithi a-Yambe ayophekela ukhwemana.

Awuboni, ke, ino neseyiye ibaside ngoku, yiyona lena yekuba bafake shukela bede lilima, kuphele isimu masi-nyane, ufati ahululeke.

48.

Bafati bahlakula ngema-geja etandla. Amuho ufati

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nongenalo ligeja. Angahlekwa. Khona, inje, ngamhla eshadayo u-ye afike neligeja lahe. Kuthi unyeni yena aliphisele. Ngoba kuyatiwa kokuthi ufati uyali-ma. Utekelwa kutolima, ahla-kule, kudliwe, kuvuke umuti.

49.

Ma kulimwe mbila tino neti-khathatayo, kuye kube ~~tia~~ tiyabu netiyumbi.

Ma kulimwe mabele, kuye ku-hluphe tinyoni, mangabe esekha-hlele mabele.

Tiyalinjwa tinyoni. Tilinjwa yinombatana. Iye yakhelwe lixhiba hona esimuvini.

Ibe seyinikwa libojwe. ~~K~~ ne-nilo. Kuthi, ke, mangabe itha-nda itiphathele kudla ekaya, nokuluhlata, iye kokuphekela endle. Mangabe ithanda iku-thole hona esimuvini, ngoba phela esimuvini yemabele kufakwa nembiyana Kuthanjeka kokuba exhibeni.

kuhlale kuthunqa. Tinyoni tiye tethuke kabi. Ibe seyikhwela ngetulu kwelixhiba inombatana itikhuta tinyoni ithi, "Hobe! Hobe!" Ishaye tandla. Ishaye nelithini, ishaye nangesitshwebu ma isitholile. Tethuke tinyoni, tibaleke.

Yehlike inombatana. Iyambe itetshusa yohe isimu. Tibaleke. Tibuye tifike. Iyabuye itethusa. Tiyambe Tibuye. Itethuse. Njalo, nje, kute kube mashona.

Kothi, ke, ma selishona lilanga, tichitheke ~~tos~~ tinyoni tinjize setthumbule tinjawo tato tekulala. Nenombatana nayo ikhululeke ibe seyiyagojuka. Kuse ibuyele hona. Kothi ma, esebona mabele bafike bavuni, bawavune. abuyele ekaya. Inombatana, ke, iphelelwe yiliqala lekulinja.

Netiyabu futhi, tilinjwa ngayo indlela nefwanayo. Kwakhiwa lixhiba nakutona.

Umunu afike abase unilo.

Kuthunqe. Afake tohe tijindi netinobuwani nobomileyo kamwe nobuluhlatā. Kufuquke nesihulu sisi lesi. Tethuke tiyabu, tibone kokuthi kuhona munu, ngoka kuyathunca. Tibaleke.

Ibuye inombatana imuse tini iggqokise ngetijwejwe, yede banu; ~~igq~~ iggqokise nangemasaka, na ngemaphepha. Kube yibulephu -lephu, banu bekwethusa tiyabu.

Lenombatāna itokwelusa i-tilinye tiyabu kotē kavushwe isimu. Itē yome ibe yitinggqa tho. Ma seyitinggqatho, ke, tehlu -leketiyabu. Besekwakhiwa ma-koyi kulungelwa kuvuna

<u>Tiyabu.</u>

Ma kusekusemi, tiyabu tiya-fika. ngetikhathi tekungena kwetikole futhi. ngesikhathi se kubuya kwetiyomo titosengwa, tiyafika tiyabu. Ngesikathi santambama tiyafika.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Tiyaku leti, teda incaba. Tihlakaniphele kulingisa nekweba. Ifike ichamuke ceje, ikubone ngahlamwe. Ibe seyiyabaca. Ibaca ngemahlamvu emithi. Ithule ithi du. Ikuyeka, nje, ugijime, ugijime, uthi "Mjoje!" Uthi uyethusa. Ithule nje yona.

Ubuye, ke, utohlala kasi, ngoba wena uthi tiyaku atiho. Iyasuka laho, iyaku, iyakubuka. Ikubuke ite indwate wena ungayiboni. Iyasuka laho iyotela. Yotela ikubukile. Ite ingqaphatele. Nawe ke, ube sewutamula. Uve kuthi yefeyefe. Uthi ubekile ukone sowufifiyela nje. Uve sowungqaphatela nje.

Ngaleso kathi, ke, ikuyeka nako buthongo lobo. Yona iyehla kahle, ifike inkwentshule nesihulu sikhwebu, ngembili kwaho nje.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

516 K13/27

Isitogijima, ke, ihwele ethini
laha iya kodlela hona. Ma-
seyihleli, ke, ethini, isitohala
ithi, klewu, klewu, klewu.
Uke sewetshuka uvuka.
ufiqe sewuhambile um-
bila nobe uwethembile.
Ubeke etulu laha iwoklota
hona. Ufiqe iwudlela kwe-
lenyoni. Uthukuthele ufe
saka, ngeno noyediwe yi-
yaku.
Ma, sowute watifunja
ngeke ubenasihathi seku-
hlala kasi wotele. Bothi
la bufika buthongo, la usa-
thi uyahlala, uke sewuhum-
bula kokuthi Wo! yangetelisa i-
yaku. Kwaphela kudla! Uvuka.
usukume, uyambe uzula esimuwini
. Jite tibone netiyaku kwekuthi
Lomunu uhlakaniphile. Tiyambe
ketiye kunemuwe injawo laha ku-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngakahlakaniphwa ngahona.

Tiyumbi.

Tona tiyumbi tiyahebetwa. Atahelwa xhiba. Umunu u- vuka kumnyama apheke, Ku- yasa kuvushiwe. Abe sekwe- thwala, eya nako endle.
Liyaphuma lilanga usehona Athi etibona tiswabuluka abe chona. Tithi licala kundita titheleka esimwini abe etihebeta.
Atinasihathi tona njengetiyabu Tithi tingatheleka kube tithele- kile. Tinjite kuqime lilanga. Ifike esimwini, tilale kube bomvu. Kube yilukhokho, nje.
Ngoku, ke, munu uto hebeta Utophatha noba yilihlahla. noba yiligogogo, nayokwethusa nga- lo tiyumbi, ke, tinjite.
Laho na engene ngahona a- hebete munu, tiyajamuka.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

